**LWEZI 2016**

**SIHLOBO ESITHANDEKAYO**

Amahubo 100:

"Ihubo lokubonga. Hlokoma kuJehova ngezwi lokuhalalisa, mhlaba wonke. Mkhonzeni uJehova ngokujabula, nisondele ebusweni bakhe ngokuhuba kwentokozo. Yazini ukuthi uJehova unguNkulunkulu; nguye osenzileyo, akuthina, sibe ngabantu bakhe nezimvu zedlelo lakhe. Ngenani emasangweni akhe ngokubonga, nasemagcekeni akhe ngokudumisa; mbongeni, nibusise igama lakhe. Ngokuba muhle uJehova; umusa wakhe umi phakade, nokuthembeka kwakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane."

Kulenyanga sithatha isikhathi sethu ukubonga nokudumisa uNkulunkulu ngakho konke okuhle akwenzele abesifazane emhlabeni wonke nezizukulwane zonke. Kwaze kwakuhle ube ingxenye yalomkhuleko, sinika uNkulunkulu inkazimulo ngasenzele kona kuleminyaka ewu19 uMsebenzi kaHana waqalwa.

Namhlanje, hlanganyela nabanye niphakamisele amaphimbo enu phezulu eNkosini Khonza iNkosi namhlanje ngenhliziyo ethokozile, ngena ebukhoneni bukaNkulunkulu ngeculo lendumiso. Uthando lwakhe ngawe lumi phakade. Amandla akhe kuwe angaphezu kwakho konke Amandla akhona emhlabeni. UJesu weza emhlabeni ukuphila impilo ezokwambula uthando lukaNkulunkulu kithi. UJesu wasifela ukuze sibe nokuphila okuphakade kuNkulunkulu. Sesingacula namhlanje! Singadumisa! Sesinethemba!

Ngithokozile ngani ngokuzinikela kwenu nakulenyanga ukubonga nokudumisa. Ubalulekile kakhulu kulomsebenzi, futhi lokho kungenza ngicule ngentokozo, ngoba ngiyazi ukuthi uphakamisile iphimbo lakho ukubonga nokudumisa ngenxa yabesifazane emhlabeni wonke.

"Wozani simhubele uJehova sihlabelele ngenjabulo kulo idwala lensindiso yethu. Masize phambi kobuso bakhe ngokubonga, sihlabelele kuye ngamahubo. Ngokuba uJehova unguNkulunkulu omkhulu, uyiNkosi phezu kwawonkulunkulu. Esandleni sakhe kukhona ukujula komhlaba, iziqongo sezintaba ngezakhe nazo. Ulwandle ngolwakhe, walwenza, nomhlabathi owomileyo izandla zakhe zawudabula. Wozani masikhuleke, sikhothame, siguqe phambi kukaJehova, uMenzi wethu" (Amahubo 95: 1–6).

Kuye izinhliziyo zethu ziyathokoza,

Peggy Banks
Umqondisi jikelele
Kumsebenzi kaHana

**Sinika izibongo kuNkulunkulu ngalokhu akwenza ngamanxusa akhuleka noProject Hannah emhlabeni wonke!**

**Vietnam:**

Asikaze sizwe ngezinhlelo zikaTWR emsakazweni ngqo, kodwa sithola izinhlelo zaWOH namakhalenda omkhuleko, sekuze kwaba iminyaka emithathu. Abesifazane bakulendawo bayazithanda lezizinhlelo. Kanti njalo uma sihlangana sikhulekela ithimba Labesifazane Abanethemba. Sesibonile ukuthi abaningi bethu sebeshintshile nangendlela abaphatha ngayo abanye abantu, ukunakekela amazinyo ukunakekela abantwana bethu. Okubalulekile okwenzekayo siyahlangana sixoxisane ilowo nalowo ngenkinga abhekene nayo emndenini wakhe, njengokusiza uma kukhona ogulayo. Sesishiyile bonke ububi ebesiyibo ekuqaleni, njengokushisela abaphansi impepho uma kukhona oshonile, ukwenza imihlatshelo, ukukhonza amadlozi neminye nje imihlatshelo emosha imali. Abesifazane balapha abayekanga nje ukuphuza utshwala kodwa bakhuthaza nabayeni babo ukuba bayeke ukuphuza utshwala nokugembula. Ngisho abantwana babo bangcono kakhulu mayelana nokuziphatha, kanti neqembu lethu lomkhuleko libumbene".

"Ngifakelwe umlenze ngempumelelo, ngijabulile kakhulu. Ngiyabonga kakhulu ngosizo lwenu. Unkosikazi wami uyavolontiya emsebenzini futhi umele abesifazane kwisifundazwe sethu kanye noNkz T yena omele abesifazane kwesinye isifundazwe. Bavame ukuthola njalo amakhalenda omkhuleko bawasabalalise. Njalo ngenyanga unkosikazi wami usabalalisa amakhalenda awu 20 kanti uNkz T usabalalisa awu50 kwabesifazane ukuze bakhuleke. Siyambonga uNkulunkulu ngaloko".

**Mnyanmar:**

Amalunga eqembu lomkhuleko Umsebenzi kaHana aba nethuba lokufunda izwi leNkosi. Ngaphandle nje kokusebenzisa ikhalenda lomkhuleko siphinde sihlangane ngamasonto emva kwenkonzo yasekuseni sikhuleke".

"UNkulunkulu anibusise nonke! Ngibonga uTWR waseMnyanmar ngoS'gaw Karen Project Hannah ngoba amakhalenda omkhuleko ngiwathola ngesikhathi esifaneleyo. Nsuku zonke ngiye ngikhulekele lezizicelo zomkhuleko wekhalenda. Sengifunde nokuthi kukhulekwa kanjani. Futhi kuwumkhuleko wami ukuthi bande abantu abazokhuleka namaqembu emikhuleko oMsebenzi kaHana".

"Esikhuleka nabo emaqenjini emikhuleko oMsebenzi kaHana sikhulekela abesifazane namantombazane emhlabeni wonke abasekuhluphekeni nasosizini nasendlaleni. Ngaba nokuzwelana nalaba besifazane abasekuhluphekeni ngenkathi ngizwa ngabo. Ngaphandle kokuthi ngibakhulekele akukho okunye engingabenzela kona. Abahlobo bethu esikhuleka nabo bazinikele kakhulu emkhulekweni. Ngokweplani kaNkulunkulu, Ithimba likaTWR/PH eMyanmar liyasikhuthaza ukuba sihlangane ndawonye sikhuleke njengeqembu. Ngalokho ke sibonga uNkulunkulu ngoTWR/PH eMyanmar. Iqembu lethu lomkhuleko woMsebenzi kaHana liba nezifundo zebhayibheli kanye ngenyanga".